



## Goals for a new year

The beginning of a new year is always a good time to think about what you want to experience and achieve over the next twelve months. Have you thought about helping your children set reading goals for themselves for 2017?

Motivation plays a big part in children's reading lives. It is the thing that makes them want to learn to read in the first place and then keeps them reading, thereby making reading for enjoyment a habit! So, when you think about helping your children to decide on their reading goals, they have to be *their* goals. They have to be things they want to experience and achieve for themselves – not things they think will please you.

Here are some suggestions of some of things your children may want to try in 2017 – but they may have plenty of their own ideas too.

- ✿ Reading more regularly or at a regular time each day.
- ✿ Reading for a certain length of time every day.
- ✿ Reading books by an author that is new to them.
- ✿ Reading as many of the books by their favourite author as they can.
- ✿ Reading information on topics that are new to them.
- ✿ Reading the biography of a person who interests them.
- ✿ Visiting the library regularly – or joining one!
- ✿ Starting a reading club with some friends, where they swap books and get together at each other's homes to chat about books they've enjoyed reading.
- ✿ Writing a story of their own. (If they need help getting going, you can find the opening lines to stories in the "Story seeds" section of the "Story and rhyme library" on the Nalibali website – [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Your children can use these as the start to their stories and complete the stories any way they choose!)
- ✿ Reading the books on which movies they have enjoyed watching, were based. Or deciding that they will always read the book first before watching the movie!



The trick with setting goals is to make sure that they are not completely unachievable. This means not setting too many goals and making sure that they are within your reach. About four or five reading goals for the year is enough!

Your children could use the reading goals poster on page 2 of this supplement to record their goals, or they could write them down in their own way. (You can also download additional copies of the poster from "Story supplies" on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).) Whichever they choose, make sure they have fun doing it – and, of course, that they enjoy reading in 2017!

## Izinhloso zonyaka omusha

Ukuqala konyaka omusha kuhlale kuyisikhathi esihle sokucabanga ngalokho ozokwenza nofisa ukukuzwa ezinyangeni eziyishumi nambili ezizayo. Uthi uke wacabanga nje ngokusiza izingane zakho ukuthi zibeke izinhloso zazo zokufunda okubhaliwe kulo nyaka wezi-2017?

Ukuzikhuthaza kubamba iqhaza elikhulu empilweni yezingane ephathelene nokufunda okubhaliwe. Lokhu kuzenza zifune ukuzejwayeze ukufunda kuphinde kuzenze ukuthi zihlale zifunda ngaso sonke isikhathi. Ukufunda kugcina kungena emizweni yazo, kube wumkhuba owejwayelekile ukuchitha isizungu ngokufunda! Ngakho-ke uma ucabanga ukusiza izingane zakho ukuthi zizibekele izinhloso zokufunda, lezo zinhloso kumele kube ngezazo, hhayi ezakho. Lezi zinhloso makube yizinto ezifisa ukuzenza nokufinyelela kuzo – zingazenzi ngoba zifisa ukujabulisa wena nje.

Nakhu okuyiziphakamiso zethu izingane ezingakuzama kulo nyaka wezi-2017 – kodwa zingayiveza neminye imibono yazo.

- ✿ Ukuzejwayeze ukufunda okubhaliwe njalo noma ngesikhathi esifanayo usuku nosuku.
- ✿ Ukuthatha isikhathi esilinganayo lapho ufunda usuku nosuku.
- ✿ Ukufunda izincwadi ezibhalwe wumbhali eziqalayo ukuzwa ngaye.
- ✿ Ukufunda izincwadi eziningi ezibhalwe wumbhali ezimthanda kakhulu.
- ✿ Ukufunda ngolwazi oluthinta izihloko ezintsha nebezingazazi.
- ✿ Ukufunda ngencwadi emayelana nempilo yomuntu ezimkhonzile.
- ✿ Ukujwayela ukuhlale zivakashela emtatsheni wezincwadi – noma zibhalise njengamalungu!
- ✿ Ukuhlalana nabangani ziqale ithimba lokufunda okubhaliwe, amalungu ashintshiselane ngezincwadi abuye ahlalane emakhaya awo, yilowo nalowo axoxe ngencwadi emnandi ayifundile.
- ✿ Ukuzibhalela izindaba zazo. (Uma zidinga usizo lokuqala ukubhala, ungafunda imigqa engenisa izindatshana ku-"Story seeds" engxenyeni ethi "Story and rhyme library" etholakala kusizindalwazi sikaNalibali – [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Izingane zakho zingakwazi ukusebenzisa lokhu njengesingeniso sezindaba ezizibhalela zona bese ziqhubeka zixoxe zize ziyiphethe indaba ngendlela eziyithandayo!)
- ✿ Zingaphinde zifunde izincwadi okususelwe kuzo amafilimu ezake zawabuka zawajabulela kakhulu. Kungenzeka zizinqumele ukuthi ziyohlale zifunda incwadi kuqala ngaphambi kokuthi zibuke ifilimu.

Okubalulekile ngokubeka izinhloso zokufunda ukuqiniseka ukuthi akuyizo okungafinyeleleki ngokuphelele kuzo. Lokhu kuchaza ukuthi kufanele kungabekwa izinhloso eziningi kakhulu bese kuqinisekiswa ukuthi zingafezeka. Izinhloso ezine noma ezinlanu ngonyaka zanele!

Izingane zakho zingasebenzisa iphosta yezinhloso zokufunda esekhasini lesi-2 kulesi sithasiselo ukuqapha izinhloso zazo, noma-ke zizibhalele ngendlela eziyithandayo. (Ungabuye uzithwebulele amanye amakhophi ephosta esihlokweni esithi: "Story supplies" kusizindalwazi sethu: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).) Qiniseka ukuthi izingane ziyakuthokozela ukusebenza nganoma iyiphi indlela eziyikhethele – nokuthi ziyakuthokozela ukufunda ngonyaka wezi-2017!



Drive your imagination

Story Power.  
Anywhere. Anytime. Anyone.  
Noma kuphi. Noma nini. Noma nobani.

Nalibali  
It starts with a story...



**Goal 1**  
Inhloso yoku-1



**Goal 2**  
Inhloso yesi-2




**Goal 3**  
Inhloso yesi-3



**Goal 4**  
Inhloso yesi-4

**Goal 5**  
Inhloso yesi-5



**Instructions**

1. Write down one goal in each box.
2. If you want to, decorate or draw pictures in each box, but do not colour in the goal number yet.
3. Once you have reached a goal, then colour in the goal number.
4. Keep your 2017 reading goals in a safe place or display them!



**Imiyalelo**

1. Bhala phansi inhloso eyodwa ebhokisini ngalinye.
2. Hlobisa noma udwebe izithombe ebhokisini ngalinye uma uthanda, kodwa-ke ungaqali ufake umbala enombolweni ekhomba inhloso.
3. Uma usuyifezile leyo nhloso usungawufaka umbala kuleyo nombolo yenhloso.
4. Izinhloso zakho zokufunda zowe-2017 zigcine endaweni ephaphile noma uzibeke lapho zizobonakala khona!

## Reading club corner

There are lots of special days in February. Here are some of them, as well as some ideas of how you can celebrate them at your reading club on or near the actual dates.

### 7 February Send-a-Card-to-a-Friend Day

Invite the children to make and exchange greeting cards that tell someone why they are special to them.

### 13 February World Radio Day

Remember to tune in to hear Nal'ibali's radio show this week. For information about which radio stations the show is on and at what times, see the schedule at the bottom of this page!

### 14 February Valentine's Day and International Book Giving Day

Encourage the children to bring their favourite storybook to the reading club so that they can share it with other members. You can also suggest that they draw large hearts and write "Dear Stories, I love you!" in them.

### 16 February World Read Aloud Day


Join us for another World Read Aloud Day celebration. Look out for our special World Read Aloud Day edition of the Nal'ibali Supplement, which will be available in the week of 12 February. It will have a special World Read Aloud Day cut-out-and-keep book featuring the Nal'ibali characters, Bella and Gogo! For information on how to get involved in Nal'ibali's World Read Aloud Day activities, go to [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

### 21 February International Mother Language Day

Sing songs, say rhymes and tell and read stories using only the children's home languages! Make this day a celebration of the richness of our language heritage.

### 26 February Tell-a-Fairy-Tale Day

Ask the children to work in groups to act out their favourite fairy tale, without telling anyone what the name of it is. Afterwards invite the other groups to guess the name of the fairy tale!



## Ikhona lethimba lokufunda

Kunezinsuku ezikhethekile eziningi kuNhlolanja. Nazi ezinye zazo lapha ngezansi kanye nemibono yokuthi ningazigubha kanjani emathimbeni enu okufunda noma eduze nezinsuku zakhona.

### Mhla ziyi-7 kuNhlolanja Usuku Lokuthumelela Umngani Ikhadi

Cela izingane ukuthi zizenzele amakhadi okubingelela bese zinikezana wona, kube ngamakhadi atshela obhalelwayo ukuthi ubaluleke kanganani kombhalele.

### Mhla ziyi-13 kuNhlolanja Usuku Lomhlaba Lomsakazo

Khumbula ukuvula umsakazo wakho kuleli sonto ulalele uhlelo lukaNal'ibali. Ulwazi lokuthi yiziphi iziteshi zomsakazo ezisakaza lolu hlelo, nezikhathi zakhona, uzoluthola ohlwini lwezinhlelo ezansi kuleli khasi!

### Mhla ziyi-14 kuNhlolanja Usuku Lwezithandani futhi Usuku Lomhlaba Lokuphana Ngezincwadi

Khuthaza abafundi ukuthi beze nezincwadi zezindaba abazithandayo ethimbeni lokufunda ukuze bakwazi ukwabelana ngazo namanye amalungu eqembu. Ungaphakamisa nokuthi izingane zidwebe izinhliziyi ezinkulu, zibhale ngaphakathi amazwi athi, "Zindaba ezithandekayo, ave nginithanda!"

### Mhla ziyi-16 kuNhlolanja Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale

Hlanganyela nathi uma sigubha olunye Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale. Lindela isithasiselo sethu esikhethekile soSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, esizothlakala ngesonto lomhla ziyi-12 kuNhlolanja. Siyoba nencwadi ekhethekile yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ongayisika uyikhiphe, enabalingiswa bakaNal'ibali, uBella noGogo! Ukuthola ulwazi ngokuzibandakanya ezinhlelweni zoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, vakashela isizindalwazi sethu esithi: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

### Mhla zingama-21 kuNhlolanja Usuku Lomhlaba Lolimi Lwebele

Culani izingoma, nisho imilolozelo, nixoxe nibuye nifunde izindaba nisebenzisa kuphela izilimi ezikhulunywa yizingane emakhaya! Loluhlelo makube wusuku lokugubha umcebo wolwazi lwezilimi zethu.

### Mhla zingama-26 kuNhlolanja Usuku Lokuxoxa Inganekwane

Cela izingane zisebenze ngamaqembu zilingisele inganekwane eziyithandayo, ngaphandle kokutshela noma ubani isihloko saleyo nganekwane. Emva kwalokho, cela elinye iqembu ukuthi liqagele isihloko saleyo nganekwane!



## NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on Nal'ibali's radio show!

**Ikwewezi FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

**Lesedi FM** on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

**Ligwalagwala FM** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**Munghana Lonene FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

**Phalaphala FM** on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

**RSG** on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

**SAfm** on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

**Thobela FM** on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

**Ukhozi FM** on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

**Umhlobo Wenene FM** on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

**X-K FM** on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



## USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali!

**Ku-Ikwewezi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

**KuLesedi FM** ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

**KuLigwalagwala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuMunghana Lonene FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

**KuPhalaphala FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

**KuRSG** ngoMsombuluko ukuya ngoLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

**KuSAfm** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama

**KuThobela FM** ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni

**KuUkhozi FM** ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

**KuUmhlobo Wenene FM** ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni

**KuX-K FM** ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni



## Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep books, *Mu's wolf problem*, (pages 5, 6, 11 and 12) and *There must be a rainbow* (pages 7, 8, 9 and 10) as well as the Story Corner story, *Everyone's special* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo okusebenzisa izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina, *Inkinga kaSamu yempisi*, (ikhasi lesi-5, lesi-6, le-11 nele-12) kanye nethi *Kumele kube nothingo lwenkosazana* (ikhasi lesi-7, lesi-8, lesi-9 nele-10), kanye nendaba yeKhona Lezindaba ethi, *Yilowo nalowo ubalulekile* (ikhasi le-15). Khetha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

### Mu's wolf problem

A young girl called Mu is at home by herself and feels afraid when she hears noises. There's a wolf in her house! But, unexpectedly they become friends and enjoy the afternoon together.

This story offers you the opportunity to talk to your children about the things that make them feel afraid and how they can deal with feeling scared. Before you have this discussion, enjoy exploring the words and the illustrations in the storybook. Here are some examples of how to do this as you read together.



After you have read pages 2 and 3, ask:

- ☉ "I wonder where Mu's mom works and what kind of work she does?"
- ☉ "I wonder why it says that Mu is not alone?"
- ☉ "Look at Mu's face. How do you think she feels?"



On page 4, ask:

- ☉ "What do you think Mu is doing? Why?"
- ☉ (Point to the wolf's legs.) "What are these? Who do you think they belong to?"



On page 5, ask:

- ☉ "Why do you think Mu is closing her eyes?"
- ☉ "What do you do when you feel scared?"

### There must be a rainbow

In this story of hope, Jabulile's dream of helping people comes true after a terrible storm hits the village in which she lives.



Suggest that your children write the weather forecast that may have been on the radio the evening before the storm came to the area where Jabulile lived. Record your children reading these weather reports on your cellphone and then listen to them just like you would listen to the weather report on the radio!



Have fun making the sounds of a storm using your bodies as well as things around you. For example, beat your hands on the floor or bottom of a cooking pot to make the sound of thunder rumbling, knock two cooking pot lids together to create the crush of thunder, and tap your finger tips on a table to make the sound of rain.



Let your children use different coloured paint or paper to create their own rainbows.

### Everyone's special

One day when Mandla is out walking he comes across an elephant, a giraffe and a waterbuck, and he discovers that they can all do special things that he can't. This makes him feel sad ... until his mother explains that we are all special in different ways.



Spend some time discussing with your children what makes them special. (Don't forget to ask them why they think they're special!) Then suggest that they draw pictures of themselves and complete the sentence, "I am special because ..." under their picture.



What other wild animals can your children name? Use information books and the Internet to find out about the things that make each of these animals special.



### Inkinga kaSamu yempisi

Intombazanyana, enguSamu ihleli yodwa ekhaya, isiyesaba uma izwa umsindo engawujwayele. Kukhona impisi lapha ekhaya! Kodwa baba abangani abakhulu kungalindelekile, bazihlalela ndawonye kamnandi intambama yonke.

Le ndaba ikunikeza ithuba lokukhuluma nezingane zakho ngezinto ezesabisayo nokuthi zingabhekana kanjani nokwesaba. Ngaphambi kokuxoxa thokozelani ukubheka amagama kanye nemifanekiso okusendabeni. Lapha ngezansi kunezibonelo zokuthi ningakwenza kanjani lokhu lapho nifunda ndawonye.



Ngemuva kokufunda ikhasi lesi-2 nelesi-3, buza lokhu:

- ☉ "Ingabe umama kaSamu usebenzaphi futhi wenza msebenzi muni?"
- ☉ "Ingabe kungani kuthiwa uSamu akayedwa?"
- ☉ "Bheka ubuso bukaSamu. Ucabanga ukuthi uzizwa kanjani?"



Ekhasini lesi-4, buza lokhu:

- ☉ "Ucabanga ukuthi wenzani uSamu? Usho ngani?"
- ☉ (Khomba imilenze yempisi.) "Yini lena oyibonayo? Ucabanga ukuthi ngekabani?"



Ekhasini lesi-5, buza lokhu:

- ☉ "Ucabanga ukuthi uSamu ucimezelani?"
- ☉ "Wena wenzani uma wesaba?"

### Kumele kube nothingo lwenkosazana

Kule ndaba yethemba, isifiso sikaJabulile sokusiza abantu siyafezeka ngemuva kokuthi isigodi ahlala kuso sihlaselwe yisiphepho esikhulu.



Phakamisa umbono wokuthi izingane zakho zibhale isibikezelo sezulu okungenzeka ukuthi samenezelwa emsakazweni ngobusuku obandulela ukuhlasele kwesiphepho endaweni uJabulile ahlala kuyo. Ziqophe ngomakhalekhukhwini izingane ngenkathi zifunda imibiko ngesimo sezulu bese uzilalela sengathi ulalele umbiko wesimo sezulu emsakazweni!



Zithokoziseni ngokulingisa imisindo yesiphepho nisebenzisa imizimba yenu nezinto ezikhona eduze. Isibonelo, ningashaya ngezandla phansi noma esinqeni sebhodwe ukulingisa umsindo wokuduma kwezulu, nishaye izivalo zamabhodwe ezimbili ukwenza ukuqhuma kwezulu, bese nishaya kancane ngeminwe phezu kwetafula ukulingisa umsindo wemvula.



Izingane zakho mazisebenzise upende noma iphepha okunemibala eyahlukene ukuzakhela ezazo izintingo zenkosazana.

### Yilowo nalowo ubalulekile

Langa limbe uMandla wayezihambela nje ehlathini, wase ehlangana noNdllovu, uNdlulamithi kanye noPhiva, wathola ukuthi zonke lezi zilwane kunento ekhethekile ezikwazi ukuyenza yena angakwazi ukuyenza. Lokhu kumphatha kabi, unina aze amtshele ukuthi sonke sibalulekile ngezindlela ezahlukene.




Zinikeze isikhathi sokuxoxa nezingane zakho ngalokho okwenza zibaluleke futhi zikhetheke. (Ukhumbule ukuzibuza ukuthi kungani zicabanga ukuthi zikhethekile!) Manje-ke zithshele zidwebe izithombe zazo bese ziqedela umusho ongaphansi kwesithombe othi, "Ngikhethekile ngoba ..."



Yiziphi ezinye izilwane zasendle izingane zakho ezingazibiza ngamagama? Sebenzisani izincwadi ezinolwazi ne-intanethi ukuthola ngezinto ezenza isilwane ngasinye sibe ngesikhethekile.

### Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination

Mu! NginguSamu!



WOLFI NGINGUMPSII!

“Angesabiiii!” kumemeza uSamu, ezama ukwehusa impi. Besalokhu beqhazela, babhekana. Besenamahlonyana, bazisana ukuthi bangobani.



“I’m not scared!!!” screamed Mu, giving the wolf quite a fright. Trembling with fear, they peered at each other. Then, very shyly, they introduced themselves.

children's books that matter



Join the Bumble Book Club today for exclusive offers, news, reviews, interviews, competitions, events and much more – it's FREE! www.facebook.com/bumblebooks / www.printmatters.co.za

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi




MU'S WOLF PROBLEM

INKINGA KASAMU YEMPISI



Maria Zbedeva



The wolf didn't want to eat her after all. He was just lonely and wanted a friend.  
 Impisi yayingafuni ukumudla. Yayinesizungu nje, ituna ongabawumngani wayo.



Once there was a girl called Mu. One day Mu's mom went to work and left her at home all alone.

But, truth be told, Mu was not alone.




But Mu knew the wolf would come back if she felt lonely and scared tomorrow.

Kodwa uSamu wayazi ukuthi impisi izobuya nangakusasa uma izizwa inesizungu novalo.

Great gusts of wind blew the roofs off the huts. All the animals lost their homes. It was a very sad day. The village folk cried, "What shall we do now?" "All the crops are ruined!" cried the farmers. "Our homes are gone!" said the elders. All hope seemed lost. But Jabulile remembered something her wise father had once told her.

Umoya omkhulu wavunguza waphaphula uphahla lwamaqhugwane. Zonke izilwane zapheshukelwa yizindlwana zazo. Lolu kwaba wusuku oludabukisa kakhulu.

Izakhamuzi zakhala, "Sizokwenzenjani manje baktih?" "Zonke izitshalo zonakele!" kubalisa abalimi. "Amakhaya ethu aphaphukile!" kusho abadala. Bonke base bephelelewe yithemba. UJabulile wakhumbula amazwi awatshelwa nguyise ohlakaniphile ngeinye ianga.



We believe every child should own a hundred books by the age of five. Become a book-sponsor and help change the world.



Get involved at [bookdash.org](http://bookdash.org)




Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



# There must be a rainbow Kumele kube nothingo lwenkosazana




Sinomonde Ngwane  
Nerissa Govender  
Thulisizwe Mamba



UJabulile waqala wakuhluma nezakhamuzi.  
 “Isiphapho sisihlukumezile,” kusho uJabulile,  
 “ngexa yendlela esikhetha ukulubheka ngayo  
 udaba lwaso. Kodwa uma nibheka phezu, ilanga  
 seliyakhanya futhi. Sekuwusuku olusha. Ngemva  
 kwesiphapho, kumele kube nohingo lwenkosazana  
 Khona manjalo kwavela uthingo lwenkosazana  
 oluhle esibhakabhakeni..

Just then a glorious rainbow appeared in the sky.  
 “The storm  
 Jabulile started speaking to the villagers. “The storm  
 only hurts us,” she said, “because of the way we  
 choose to see it. If you look up, the sun is shining  
 again. It is a new day. After every storm, there must  
 be a rainbow!”

Nestled in the Kingdom of the Zulu is a magnificent place called The Valley.



KweloMbuso wamaZulu kunendawo enhle kakhulu okuthiwa kuseSigodini.

The villagers rebuilt their homes. Farmers planted new crops. The grass grew greener than ever before.

Once again there was hope and happiness in The Valley.

Izakhamuzi zakha kabusha imizi yazo.  
 Abalimi batshala izitshalo ezintsha. Utshani baba luhlaza kunakuqala.

Kwaphinda kwagcwala ithemba nenjabulo enkulu eSigodini.



Ngolunye usuku olwesabekayo,  
lahloma eSigidini. Lagqunqa izulu  
labanyama. Kwahlasela isiphopho  
esikhulu ezweni.

One awful day, the clouds began to  
gather over The Valley. Everything  
grew dark and grey. An ugly storm  
swept over the land.

A little girl called Jabulile lives here. Jabulile was  
always a happy child. She was also curious, and full  
of questions about life. Everything fascinated her.



Intombazanyana enguJabulile ihlala lapha. UJabulile  
wayehlale ejabulile. Wayehlale elangazelele ukwazi  
izinto futhi ebuza imibuzo eminingi ngempilo. Konke  
kwakumthokozisa nje uma ekucabanga.




Jabulile’s father was a mielie farmer. Her mother was a teacher. They taught her to dream big dreams. Jabulile’s biggest dream was to help people.

Everyone in the village was Jabulile’s friend, especially the elders. They taught her about the wise men and women who once lived in The Valley. Jabulile also wanted to be wise.


Uyise kaJabulile wayelima ummbila. Unina wayenguthisha. Bamfundisa ukuthi aphuphe okukhulu. Iphupho elikhulu likaJabulile kwakungukusiza abantu.

Wonke umuntu kulo muzi wayengumngani kaJabulile, ikakhulukazi abantu abadala. Babemfundisa ngamadoda nabesifazane abake baphila eSigodini. NoJabulile wayethanda ukuhlakanipha.



Izakhumuzi zalubona uthingo lwenkosazana magede zamoyizela. Lwama njengophawu lwesethembiso sokuthi isiphapho sesedlule.

The villagers saw the rainbow and they began to smile. It stood as a promise that the storm was over.



Ngako-ke uSamu nempisi bazitika ngetiye namakhekhe ...  
and cakes ...  
And so Mu and the wolf busied themselves with tea



KWEMPIISI  
WOLF FI



... it was time for Mu's mom to come home. Then the wolf had to say goodbye.

... kwashaya isikhathi sokubuya kukaMama kaSamu ekhaya. Impisi yase ivalelisa.

Kudaladala kwakunentombazane egama layo nguSamu. Langa limbe umama kaSamu wahamba waya emsebenzini washiya uSamu yedwa.

Kodwa iqiniso ukuthi uSamu wayengasele yedwa.






USamu waqunga isibindi wehla ngephasifi evale amhlo ...  
kuth e kusenjalo wazithela phezu ...  
Mu crept bravely down the passage, her eyes closed tightly ...  
and, quite suddenly, she bumped into the ...




She could hear tapping and scratching, and a *l o o o n g* heavy sigh.  
She could hear pattering footsteps and rustling fur and the clanging  
of very large TEETH.

Kusenjalo uSamu wezwa ubugunqunqu nokuklwebha  
okuhamba nokuphefumulela *phezu-u-u-lu*. Waphinde wezwa  
ubugqigqigqi bezigi nokuhwaya koboya kanye nokuklesheza  
KWAMAZINYO amakhulu.

... and hide-and-peek, until ...



..... badlala umacashelana, kwaze ...



## Dear Nal'ibali

Please help. I have a 9-year-old girl who is doing Grade R. She doesn't like writing and I don't know what to do.

*Theresa Solomons, Centurion*

## Dear Theresa

When children experience the power of stories in books, and they have something that they want to communicate, they develop an interest in writing. Encourage your daughter by reading to her regularly for at least 15 minutes a day. Leave writing materials within her reach at home so that she can write down a list of things she may want you to buy for her, or so that she can write a note to you when she wants to tell you something. Remember to also be a writing role model for her – she needs to see you writing to realise that it is valuable!

Remember that we're here to help!

*The Nal'ibali Team*

## Nal'ibali othandekayo

Ngicela ningisize. Nginengane yentombazane eneminyaka eyisi-9 eyenza ibanga R. Ayive ingakufuni ukubhala, angisazi nokuthi ngenze njani.


*uTheresa Solomons, eCenturion*

## Theresa othandekayo

Uma izingane sezizwa amandla ezindaba ezisezincwadini, futhi uma kunento ethile ezifuna ukuyisho, ziyathanda ukubhala phansi. Ungayigugquzela indodakazi yakho ngokuthi uyifundele njalo okungenani imizuzu eyi-15 ngosuku. Beka izinto zokubhala eduze kwayo ekhaya ukuze ikwazi ukubhala uhlu lwezinto ethanda ukuthi uyithengele zona, noma ukuze ikwazi futhi ukubhala umyalezo ewuqondise kuwe uma kukhona okuthile efuna ukukwazisa ngakho. Khumbula ukuthi nawe kufanele ube yisibonelo esihle somuntu obhalayo – kungakuhle ibone wena ubhala yikhona izobona ukuthi ukubhala kubalulekile!

Khumbula ukuthi siyohlala sikhona ukukusiza!

*Ithimba lakwaNal'ibali*



## Dear Nal'ibali

I am fourteen. I love the Nal'ibali Supplement and I read the stories to my two younger brothers every night.

*Thetha Xamhlashe, Khayelitsha*

## Dear Thetha

We are so glad that you like the supplement. You are giving your brothers a wonderful gift and it will help them learn to love reading.

Well done and keep reading!

*The Nal'ibali Team*

## Nal'ibali othandekayo

Ngineminyaka eyishumi nane ubudala. Ngisithanda kakhulu isithasiselo sakwaNal'ibali futhi ngifundela abafowethu ababili abangelamayo izindaba njalo ebusuku.


*uThetha Xamhlashe, eKhayelitsha*

## Thetha othandekayo

Siyathokoza ukuzwa ukuthi uyasithanda isithasiselo sethu. Unikeza abafowenu isipho esihle kakhulu empilweni futhi lokhu kuzobasiza ukwakha kubo uthando lokufunda izincwadi.

Kuhle okwenzayo; qhubekela phambili!

*Ithimba lakwaNal'ibali*



## Dear Nal'ibali ... Nal'ibali othandekayo ...

Write to Nal'ibali at  
The Nal'ibali Trust, Suite 17-201,  
Building 17, Waverley Business Park,  
Wycroft Road, Mowbray, 7700,  
or at [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org).



Bhalela uNal'ibali  
ku-The Nal'ibali Trust, Suite 17-201,  
Building 17, Waverley Business Park,  
Wycroft Road, Mowbray, 7700,  
noma ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org).



## Dear Nal'ibali

My daughter is 3 years old, and ever since I started reading your supplement, I've been reading to her at bedtime every day. She also has story time in the morning and afternoon at the educare centre she goes to. But I find that when we share books together at bedtime, we're both a bit irritable because we're tired after our busy days! I know that reading to children at bedtime is what most people suggest. What can I do to make this time more relaxed for both of us?

*Zinhle Mbuli, Benoni*

## Dear Zinhle

You're absolutely right that whenever you read together the most important thing is that these times are relaxing and enjoyable for you both! Try a few different times in your day to see what suits you best. Remember that you can share stories whenever it feels right for you, no matter what time it is. Sometimes playing a little game, or singing a song your daughter loves will also help to get her in the right mood. A good selection of books is useful too, so she can choose what you should read. Be guided by the way you both feel. Even five minutes a day is good, as long as it's positive and fun!

Keep reading together!

*The Nal'ibali Team*

## Nal'ibali othandekayo

Indodakazi yami ineminyaka emi-3 yobudala, kanti selokhu ngaqala ukufunda isithasiselo senu ngide ngiyifundela okuthile nsuku zonke ngaphambi kokuthi ilale. Nasenkulisa inesikhathi sokufundelwa indaba njalo ekuseni nantambama. Kodwa ngithola ukuthi njalo uma sabelana ngezincwadi ngaphambi kokulala, sobabili sivele sibe nezinhliziyi ezincane ngoba sisuke kade simatasa usuku lonke! Ngiyazi ukuthi abantu abanengi bayakuncoma ukuthi izingane zifundelwe izindaba ngaphambi kokulala. Yini engingayenza ukuze sobabili sizizwe sikhululekile ngalesi sikhathi?

*uZinhle Mbuli, eBenoni*

## Zinhle othandekayo

Uqinisele uma uthi lesi sikhathi sokufunda kufanele kube ngesikhululekile futhi nisithokozele nobabili! Ake uzame ukugugququla izikhathi zokufunda ukuze ubone ukuthi yisiphi esizwana nani. Khumbula ukuthi ningabelana ngezindaba noma nini lapho nibona ukuthi kufanelekile noma kungasikhathi sini. Kungakusiza ngezinye izikhathi ukuqala ngokudlala umdlalo othile noma ukucula ingoma ayithandayo undodakazi ukuze kube nomoya omnandi. Kuhle futhi ukuba nohla lwezincwadi ezihlabahlosile ukuze ezokwazi ukukhetha athanda ukufundelwa zona. Lalelani imizwa yenu nobabili. Ngisho nemizuzu eminhlanu nje ngosuku yanele inqobo nje uma nizoyithokozela nobabili!

Qhubekani nokufunda ndawonye!

*Ithimba lakwaNal'ibali*



# Everyone's special

By Kai Tuomi ✨ Illustrations by Natalie and Tamsin Hinrichsen

Mandla was out walking one day when he saw Elephant splashing himself in the river. Elephant looked very happy. His big ears flapped and he sprayed water high into the air using his long trunk.



"Hello," said Mandla, waving to Elephant.

Elephant looked down at Mandla and lifted his trunk.

"Hello, Mandla," he said, in his big voice.

"That trunk of yours is amazing," said Mandla.

"Oh, this?" Elephant looked at his trunk. "I suppose it is, isn't it?"

"It must be nice to spray yourself on a hot day," said Mandla.

"Oh, that's not all I can do," said Elephant. "I can also use my trunk to pick fruit from the trees and pull down branches. I can even use it to make a big noise if I want to. We call that trumpeting! Here let me show you."

Elephant stretched out his trunk. *Brrrrpprump!* The most marvellous, loud noise came out. It thundered through the forest and some birds flew away from a nearby tree. Mandla danced on the spot and laughed.

"That's amazing," he said. "I wish I had a trunk like you."

Mandla left Elephant playing in the river and went on through the forest. He held his arm up in front of his nose, bent his arm and curled his hand so that it looked as if he had an elephant's trunk. Then he tried to pick a bunch of berries from a bush. But he was not looking where he was going and ... *THUMP!* He bumped into something.

"Ow," he said, falling over.

The thing he had bumped into was brown and orange. It seemed to reach from the sandy ground all the way up through the trees.

"What's happening down there?" said a voice from high above.

"Giraffe!" said Mandla looking up.

"What?" asked Giraffe.

"It's me, Mandla!"

"Who?" asked Giraffe.

A great big head on the end of the long neck came down through the trees.

"Oh, hello, Mandla," said Giraffe.

"Hello, Giraffe, I am sorry I bumped into you. I was pretending to have a trunk like Elephant and I wasn't looking where I was going."

"A trunk like Elephant?" asked Giraffe.

"Elephant's trunk is marvellous," said Mandla. "He can spray himself with water and pick fruit from the trees and make a great big noise."

"Well," said Giraffe, "that's quite clever I suppose, but I can do much more with this long neck of mine."

"Like what?" asked Mandla.

"I can reach the very tops of the trees, where the leaves are the juiciest. I can also see all around and look out for danger. My tongue is very special too," said Giraffe. "It is very long." Giraffe stuck out his long purple tongue. "And it's very thick too, which means I can eat from trees even if they have thorns. Trees with thorns have the best leaves, you know," said Giraffe.

"That's great," said Mandla. "I wish I was tall like you, Giraffe, then I could see over the trees and eat those leaves you keep talking about."

"Don't be silly," said Giraffe. "Boys don't eat leaves. Which reminds me, it's time for my second lunch. See you later, Mandla."

So Mandla went on through the forest, holding both arms above his head like a long giraffe neck and picking at the leaves on the trees.

"What are you doing?" asked a very quiet voice.

Mandla jumped back in fright.

"I didn't mean to scare you," said the quiet voice. A small, grey buck with a white ring on her bottom, crept from the forest.

"Waterbuck!" said Mandla. "You must be the quietest of all the animals."



Waterbuck blushed. "You are kind, Mandla. Being quiet helps keep me safe. I don't like all those noisy animals."

"It's a very good trick, being so quiet," said Mandla. "I wish I could creep around like you do, Waterbuck."

"You should try it sometime! It takes lots of practice to get as good as me though. See you around, Mandla," said Waterbuck, slipping back into the forest.

So Mandla went slowly through the forest, walking on his tiptoes like Waterbuck. It wasn't long before he tripped over a small branch and fell into a pile of leaves. There was a quiet laugh from the forest and Mandla saw a flash of grey as Waterbuck moved away into the bushes. Mandla picked himself up and ran through the forest back to his house in the clearing. His mother was outside hanging up the washing.

"Mama?" he said quietly.

"What's wrong, Mandla?" asked his mother. "Why do you look so unhappy?"

"Mama, how come I don't have a trunk like Elephant? Why don't I have a long neck like Giraffe? And why can't I creep around like Waterbuck? They are so special and I don't feel very special at all."

His mother bent down and kissed him on the forehead.

"Mandla, if you had a trunk like Elephant, I would not be able to kiss you goodnight. And if you had Giraffe's long neck, I could not pick you up in my arms and swing you about. And just think, if you were as quiet as Waterbuck, I could not find you to give you a hug."

Mandla's mother pulled him close. "Everyone has something special. I love you just the way you are. And to me, you are more special than all the animals in the forest," she said.

# Yilowo nalowo ubalulekile

NguKai Tuomi ★ Imidwebo nguNatalie kanye noTamsin Hinrichsen

Ngolunye usuku uMandla wayezihambela nje ngenkathi esebona uNdlovu ezithela ngamanzi emfuleni. UNdlovu wayebukeka ejabule kakhulu ngalowo mzuzu. Wayedamane ebhakuphela amagwagwa ezindlebe zakhe ezithela ngamanzi esebenzisa umboko wakhe.



“Sawubona mngani,” kubingelela uMandla, evayizela uNdlovu. UNdlovu wambukela laphaya phansi uMandla maqede waphakamisa umboko wakhe.

“Yebo, Mandla,” kuphendulau Ndlovu ngezwi lakhe elibhodlayo.

“Lowo mboko wakho omkhulu uyamangalisa,” kusho uMandla.

“O, usho njalo?” kusho uNdlovu ewubuka. “Sengathi unjalo, angithi?”

“Kumele kube mnandi ukuzithela ngamanzi uma kushisa,”

kusho uMandla.

“Kanti-ke akukhona lokho kuphela engikwazi ukukwenza,” kusho uNdlovu. “Ngiyakwazi phela ukusebenzisa umboko ukukha izithelo ezihlahleni kanye nokuhlephula amagatsha imbala. Ngiphinde ngiwusebenzise ukwenza umsindo omkhulu uma ngithanda. Ngiwukhipha umsindo wakhona kube sengathi ngishaya icilongo. Awuthi ke ngikukhombise.”

UNdlovu wawelula umboko wakhe. *Bhru, bhru, bhru!* Kwaphuma umsindo omkhulu oyisimanga. Waduma maqede kwenanela izihlahla, izinyoni ezisesihlahleni esiseduze zasuka zandiza. UMandla yena wavele wagida ndawonye ehleka.

“Kuyisimanga-ke lokhu,” kusho uMandla. “Sengathi ngabe nginawo nami umboko njengawe.”

UMandla washiya uNdlovu ezidlalela emfuleni, wangena ekujuleni kwehlathi. Waphakamisa ingalo yakhe wayibeka ngaphambi kwekhala, wayigoba ingalo wagoqa ngesandla sakhe ukuze kubukeke sengathi naye unomboko wendlovu. Wase ezama ukukha ihlukuzo lezindoni esihlahleni somdoni. Kodwa-ke wayengabhekile lapho eya khona ... *NGQUBU!*

Wazishayisa kokuthile.

“Awu we ma-a-a,” esho evuma phansi.

Wayezishayise entweni enombala onokunsundu nokusawolintshi.

Kwakusengathi le nto isuka phansi esihlabathini iye phezulu emithini.

“Kwenzekani laphaya phansi?” kusho izwi eliphuma le phezu.

“Nguwe kanti, Ndlulamithi!” kusho uMandla ebheka phezulu.

“Yini leyo?” kubuza uNdlulamithi.

“Yimina, uMandla!”

“Uthi ungubani?” kubuza uNdlulamithi.

Ikhanda elikhulu ekugcineni kwentamo ende lehla ledlula emithini.

“Yebo, sawubona, Mandla,” kwasho uNdlulamithi.

“Yebo, Ndlulamithi; ngiyaxolisa ngokuzithela phezu kwakho. Bengenza sengathi nginomboko njengoNdlovu kanti angisabhekile lapho ngiya khona.”

“Wena ube nomboko njengoNdlovu?” kubuzisa uNdlulamithi.

“Umboko kaNdlovu uyamangalisa, ngikutshela,” kwasho uMandla.

“UNdlovu uyakwazi ukuzithela ngamanzi ngawo, akhe izithelo ezihlahleni aphinde enze umsindo omnandi osamculo.”

“Hhayi-ke,” kusho uNdlulamithi, “kuzwakala kungukuhlakanipha lokho, kodwa mina ngikwazi ukwenza okungaphezu kwalokho ngale ntamo yami endekazi.”

“Okunjengani nje?” kubuza uMandla.

“Ngikwazi ukufinyelela ngaphezu kwezihlahla lapho kunamaqabunga amnandi ngokwedlulele khona. Ngiyakwazi nokuqalaza yonke indawo ngibone uma kukhona ingozi. Nolimi lwami futhi lungolwekhetelo,” kwasho uNdlulamithi. “Lude kakhulu.” UNdlulamithi wakhipha ulimi lwakhe olubukhwebezane. “Futhi luyigqinsi ngempela, okusho ukuthi ngiyakwazi ukudla ngisho amaqabunga ezihlahla ezinameva. Phela izihlahla ezinameva zinamaqabunga ehla esiphundu ngempela,” kugcizelela uNdlulamithi.

“Yisimanga lesi ongitshela sona,” kusho uMandla. “Nami ngifisa sengathi ngabe ngimude njengawe, Ndlulamithi, ukuze ngibuke phezu kwezihlahla, nami ngidle lawo maqabunga olokhu ungiqoshela ngawo.”

“Musa ukudlala wena,” kusho uNdlulamithi. “Abafana abawadli amaqabunga. Washo wangikhumbuzisa ukuthi sekufanele ngiyodla isidlo sasemini futhi. Ngizobuye ngikubone, Mandla.”

Wasuka lapho uMandla wangena ehlahini ephakamisele izingalo zomibili emoyeni ezama ukwenza okunjengentamo ende yendulamithi, eqala nokunqampuna amaqabunga ezihlahleni.

“Ucabanga ukuthi wenzani wena?” kubuza izwi elipholile.

UMandla wagxuma wahlehla ngokwethuka.

“Bengingaqondile ukukwethusa,” kwasho izwi elipholile. Ehlahini kwaphuma inyamazane encane empunga egqize ngombala omhlophe ngemuva.

“UPhiva!” kwasho uMandla. “Uyisilwane esithule kunazo zonke.”



UPhiva wafa amahloni. “Ave ulungile, Mandla. Ukuthula kuyangisiza ukuthi ngihlale ngiphephile. Angizithandi zonke lezi zilwane ezibanga umsindo.”

“Kuzwakala kuyisu elihle ukuhlala uzithule,” kwasho uMandla. “Ngifisa sengathi ngabe ngiyakwazi ukunyonyoba njengawe, Phiva.”

“Uboke ukuzame nawe lokho! Kuyokuthatha isikhathi eside ukukwejwayela uze ukwazi njengami. Hhayi-ke, izobonana, Mandla,” kwasho uPhiva, enyelela engena ehlahini futhi.

UMandla wanyonyoba wangena ehlahini ehamba ngamanzonzwane njengoPhiva. Uthe esacathama kanjalo waqhuzuka, wawela enqumbini yamacembe. Kwezwakala uhleko nje luphuma ehlahini, uMandla wabona umbala ompunga uthi shalu ngenkathi uPhiva engena ezihlahleni. UMandla wasukuma waziqinisa, wagijima ehlahini esebheke endlini yakhe elapho okuvuleke khona. Unina wayematasa eneka izingubo.

“Mama?” kusho uMandla ngelipholile.

“Kwenzajani, Mandla?” kubuza unina. “Yini ubukeke ungathokozile nje?”

“Mama, kungani mina ngingenawo umboko njengoNdlovu? Kungani ngingenayo intamo ende njengoNdlulamithi? Futhi yini ngingakwazi ukucathama njengoPhiva? Zonke lezi zilwane zihlakaniphile, kanti mina angizizwa ngikhethekile.”

Unina kaMandla wagoba maqede waqabula uMandla esiphongweni.

“Mandla, ukuba ubunomboko njengoNdlovu bengingekile ngikwazi ukukwabula lapho usuyolala. Futhi ukuba ubunentamo ende njengoNdlulamithi ngabe angikwazi ukukubamba ngikugone ezingalweni zami ngidlale nawe. Ake ucabange nje ukuthi ukuba ubuthula njengoPhiva, bengingekile ngikwazi ukukuthola kalula ngikuwole ezingalweni zami.”

Unina kaMandla wambamba wamsondeza kuye. “Yilowo nalowo unokubalulekile, okukhethekile ngaye. Mina ngikuthanda njengoba unje. Futhi kimina ungowekhethele ukwedlula zonke izilwane ezikhona lapha ehlahini,” kusho unina.

# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



1.

\* In the story, *Mu's wolf problem*, Mu and the wolf become friends and spend the afternoon together. What do you think they are doing in this picture? Add other things to the picture to show what you think they are doing. Also add some speech bubbles. Then write a few sentences about your picture.

\* Kule ndaba ethi, *Inkinga kaSamu yempisi*, uSamu nempisi baba ngabangani bagcine sebecitha isizungu ndawonye intambama yonke. Ucabanga ukuthi benzani lapha esithombeni? Khombisa okucabangayo ngabakwenzayo ngokufaka ezinye izinto esithombeni? Ungafaka namabhamuza enkulumo. Emva kwalokho bhala imisho embalwa mayelana nesithombe sakho.




---



---



---

2.

\* Do you know the colours of the rainbow? Unscramble the words below to find out what they are.


\* Ngabe uyayazi imibala yothingo lwenkosazana? Hlela kahle izinhlamvu zamagama ezingezansi ukuze uveze ukuthi iyini.

### English

dre \_\_\_\_\_  
 eaognr \_\_\_\_\_  
 lelywo \_\_\_\_\_  
 nereg \_\_\_\_\_  
 leub \_\_\_\_\_  
 iidogn \_\_\_\_\_  
 tloevi \_\_\_\_\_

### IsiZulu

uvmobo \_\_\_\_\_  
 ihstnilowaso \_\_\_\_\_  
 zhupoi \_\_\_\_\_  
 aazlhulo hstokoina \_\_\_\_\_  
 zalahulo hbakabakahisewko \_\_\_\_\_  
 ilekthuzongo zabeknehweubo \_\_\_\_\_  
 ihtelooyav \_\_\_\_\_



Answers: (2) red, orange, yellow, green, blue, indigo, violet

Izipendulo: (2) obomvu, osawolintshi, ophuzi, oluhlaza okotshani, oluhlaza okwesibhakabhaka, obukhwebezane ngokuzofihle, ovajoyethi

Would you like to receive stories and literacy tips on your cellphone? Join Nal'ibali on WeChat. Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) to find out how to download WeChat.



Visit us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
 Sivakashela ku-Facebook: ku-  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

Ngabe uthanda ukuthola izindaba kanye namacebo okwazi ukufunda nokubhala kumakhalekhukhwini wakho? Hlanganyela noNal'ibali kuWeChat. Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze uthole ukuthi ungawuthwebula kanjani uWeChat.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld

